



Singakusekela kanjani ukufunda kwezinsana zethu?

Izinsana zizalwa zifuna ukufunda, kanti futhi izinsana ezincanyana zifunda ngemizwa yazo-ukuthola ulwazi ngomhlaba ozizungezile.

Abazali, abanakekeli kanye nabasebenza ukuthuthukisa izingane ama-ECD practitioners, ngothisha bokuqala bengane encane.

Izinsana zifunda ngokusebenzisa yonke imizwa yazo: ngokulalela kanye nokuphendula kwizwi likamama walo kanye nokunuka kanye nokunambitha kanye nokufunda ukuncela, ukubuka kanye nokubona yonke into eseduzane nalo, ukumoyizela kanye nokuphendula, ukuthinta kanye nokuthintwa.

Ukuze zikhule zithuthuke, izinsana zidinga uthando kanye nobudlelwane bokwethembana.

Abanakekeli bangenza umehluko omkhulu ngokukhuluma, ukudlala kanye nokwabelana nezingane izindaba nezinganekwane kanye nezincwadi nezinsana ezincane ngokusebenzisa ulimi lwengane elifunda kumama walo.

Imibono kanye nemisebenzi ekule liflethi yenzelwe ukuthi uyisebenzise nezinsana zakho kanye nezingane ezincane kwisikhungo se-ECD noma kwiqembu lokudlala ekhaya.

Imibono isekelwe kwiNcwadi 1 (Khulumani, dlalani nicule) kanye neNcwadi 4 (Yabelana ngezincwadi) eziyingxenyane yochungechunge lwezincwadi eziyisithupha ezibandakanya iminyaka ehlukeni ukusukela ekuzalweni ukuya kwiminyaka emihlanu. Izincwadi zisetshenziswa kuhlelo lwe-Every word counts, oluhlinzeka ngemibono ebambekayo yokusekela ukuthuthuka kolimi lwezingane ezincane kanye nokuqala ukufunda.

Ukuthola ulwazi olwengeziwe ngalezi zinto zokufunda kanye nezinhlalo zethu, vakashela i-website yethu: www.wordworks.org.za noma uxhumane nathi:

Tel: 021 788 9233 | Fax: 086 775 7930 | Address: 2 Jacobs Ladder, St James, 7945

Kuthatha imizuzwana nje embalwa ukwenza umehluko omkhulu!

Dlalani

Lihambile!



Nantsi ibhola!



Kulesi sithombe, umama ufihlela usana lwakhe ibhola, wase eqala umdlalo. Bake bawudlala lo mdlalo ngaphambili, manje useyakwazi ukuthi kumele acinge ibhola. Lapho beqala ukudlala umdlalo, usana belungazi ukuthi ibhola lishone kuphi – manje umama walo wase elubonisa ukuthi lubheke ibhola kuphi. Walukhuthaza ukuthi luzame kakhulu kanti futhi waludumisa ngokuzama kwalo. Kuvamise ukuthi ‘kuzameke’ kaningi ngaphambi kokuba umdlalo usebenze kahle.

Ngabe ningawudlala kuphi futhi lomdlalo wokucashisa into ibuye itholakale?
Ngabe yini okunye ongakucashisa ngaphandle kwebhola?

Eminye imibono: Fihla ubuso bakho ngezandla zakho ebese uvumela usana lwakho ukuthi ludonse izandla zakho ukukuthola! Fihla into ethize ezandleni zakho, ebese uvumela ingane ukuthi ivule isandla sakho ukuyithola. Izinsana ziyakuthanda ukudlala lo mdlalo ziphinda phinde. Kunganjani ukuthi nidlale esitimeleni noma eteksini noma lapho nilindile ekliniki?

Dlalani

1

Umama lapho esekhishini uthi:

Ngiyabona uyasithanda lesi sipuni – ngabe siyakusiza ukupholisa izinyo lakho elibuhlungu?



2

Yebo, vala, vala!
Kuhle lokho!

oh-oh!



Kulesi sithombe, umama wenza ibhasikidi yokudlala enzela usana lwakhe ngezinto eziphephile, kanti futhi ingane engazincela, izizwe, izixukuze, izibuke kanye nokuzishayanisa – indlela lena izinsana ezidlala ngayo nokufunda ngayo! Kwisithombe 1, usana luyadlala ngesikhathi umama walo eseduzane exoxa nalo lapho egeza izitsha. Kwisithombe 2, umama ubona ukuthi usana luzama ukuvala ibhodlela le jar, kanti ukhuluma nalo ngalokho olukwenzayo. Usana luyakuthanda ukuzwa izwi likamama walo!

Ngabe ungathola izinto ezine ongazifakela kwibhasikidi yokudlala? Uzigeze uzifakele, uzingezele.

Eminye imibono: Nazi ezinye izinto ongazifakela kwibhasikidi yokudlala: isipuni sokhuni, ibhulashi, ibhodlela leplastiki, amathoyizi antofozelayo. Amabhasikidi okudlala angenza ukuthi usana lwakho luhlale lunento oluyenzayo ngesikhathi wenza imisebenzi yakho yasendlini. Hlala njalo ubeke amehlo kusana lwakho kanye nokuxoxa nalo ngesikhathi usebenza! Ungachazela usana lwakho ngalokho olukwenzayo ngezinto ezisebhasikidini (isibonelo, lapho usana luthatha unodoli lumonga, ungathi kulo: 'Uthanda usana, uthand'usana').

Yenza ukuthi izinsana zazi izincwadi



Kulesi sithombe, usana lunikezwa ithuba lokuthola ngokuthi izincwadi zibukeka nokuzwakala kanjani. Umama walo uluvumela ukuthi luthinta-thinte incwadi kanye nokuluvumela ukuthi lupheqa-pheqa amakhasi ukuya emuva naphambili. Uhlezi eduzane kodwa ude elusiza usana ukuphendula amakhasi. Ukhuthaza usana lwakhe ukuthi lukhulume ngezithombe – usana luyezwa ngezwi lakhe ukuthi izincwadi yinto ejabulisayo futhi egcwele izimanga!

Ngabe ucabanga ukuthi izinsana zingathokozela izincwadi? Ngabe usana lwakho lwake lwayibamba incwadi? Ngabe ucabanga ukuthi lungenzani ngayo?

Eminye imibono: Nikeza usana lwakho ithuba lokubheka kanye nokuzwa incwadi ngokwalo, kodwa hlala eduzane ukubona ukuthi lungayilumi ukuyenza izicucwana noma ukubindwa emphinjweni yincwadi. Landela lokho okwenziwa yingane yakho lapho iphequlula amakhasi, ibhekisa incwadi phansi, phezulu nasemuva. Yima ukwenza lokhu uma selukhathele lungasenandaba nencwadi! Musa ukuthuthukela lapho usana lulahla incwadi phansi, noma luyiphendula luyibhekisa phansi.

Yenza isenzo esithile

1

Bheka, ushaya izandla! Ngabe uyakwazi ukushaya izandla?



2

Awu, bheka, ushaya izandla! Ushaya kahle izandla!




Kulesi sithombe, umama nomfanyana omncane babheka incwadi bobabili. Umfana wenza isenzo asibona esithombeni kanti umama wakhe umnikeza igama: 'ukushaya izandla'. Ubona isithombe, wenza isenzo kanye nokuzwa igama – lena yindlela izingane ezifunda ngayo! Kamuva, umama wakhe umcela ukuthi akhombise ubaba noma elinye ilungu lomndeneni ukuthi ushaya kanjani izandla.

Ngabe usithola nini isikhathi sokubheka izincwadi noma izithombe nengane yakho? Ngabe kukhona omunye emndenini ongajabulela ukuchitha isikhathi abelana nezincwadi nosana lwakho kanye nokukhuluma nalo?

Eminye imibono: Kukhona amagama amaningi ongawanikeza ingane yakho ngesikhathi nibuka izincwadi. Unganikeza izinto amagama ezithombeni noma ukhulume ngazo zonke izinto abantu abazenzayo (ukugxuma, ukulala, ukugijima, ukufunda noma ukudansa). Yenza izenzo ukuze ingane yakho ixhumanise isenzo, isithombe kanye negama! Zama ukuthola isikhathi nsuku zonke 'sokuxoxa izindaba'. Ingane izojabulela nokulindela ukuba nalesi sikhathi esibalulekile enisichitha ndawonye.

Yenza incwadi ngekhadibhodi



Izibonelo zezincwadi zekhadibhodi

Ukwenza incwadi yebhodi yosana, udinga ikhadibhodi, isikelo, iglu kanye ne-tape yokunamathelisa. Nansi eminye imibono yokwenza izincwadi zebhodi:

- eziqinile futhi ezihlala isikhathi eside
- ungasebenzisi amagama noma usebenzise ambalwa
- izithombe ezilula
- imibala eminingi
- izithombe ngemisebenzi yezinsana yansuku zonke
- izithombe zabantu, izilwane noma izimbali (amabhloму)
- izithombe zobuso

Izinsana zingakhuthazwa ukuqala ukuphatha izincwadi zebhodi ukusukela zisezincane. Landela lokho ezikwenzayo, kanti futhi uzinike ithuba lokujabulela izincwadi kanye nokubheka amakhasi eziwathokozelayo.